

Sony Ericsson

# Igaydi yomsebenzisi

# F305

**Halala** ngokuthenga kwakho i-Sony Ericsson F305. Ngokunye kwefoni okuqukethwe, yiya ku [www.sonyericsson.com/fun](http://www.sonyericsson.com/fun). Bhalisa manje ukuze uthole indawo yokulondoloza kulayini yamahhala nezipesheli ku [www.sonyericsson.com/myphone](http://www.sonyericsson.com/myphone). Ngesaphothi yemikhiqizo, yiya ku [www.sonyericsson.com/support](http://www.sonyericsson.com/support).

## Izimpawu zemiyalelo

Okulandelayo kuvela kwigaydi yoMsebenzisi:

> Sebenzisa ikhi lokuhamba ukupheqa nokukhetha.

⦿ Cindezela ikhi lokuhambisa phakathi nendawo.

⦿ Cindezela ikhi lokuhambisa liye phezulu.

⦿ Cindezela ikhi lokuhambisa liye phansi.

⦿ Cindezela ikhi lokuhambisa liye esinxeleni.

⦿ Cindezela ikhi lokuhamba liye esidleni.

! Yazisi

💡 Ithiphu

⚠ Isexwayiso

📶 Kubonisa ukuthi izevisi noma umsebenzi uncike kwinethiwekhi noma kokuthengiwe. Wonke amamenyu noma imisebenzi kungenzeka kungatholakali efonini yakho. Xhumana no-opharetha wenethiwekhi yakho ngolwazi oluthe xaxa.

# Ukulungiselela ifoni

## Ukufaka i-SIM khadi nebhethri



- 1 Susa ikhava yebhethri nebhethri uma ifakiwe. Shelezisa iSIM khadi kwisibambi sayo izixhumi zibheke phansi.





- 2 Faka ibhethri isayidi lelebuli libheke phezulu nezixhumi zibhekane. Buyisela ikhava yebhethri.

**!** Ungayiphokeleli ikhava yebhethri endaweni yayo. Beka ikhava yebhethri ngokucophelela efonini bese uyivala.

## I-SIM khadi


I-SIM (Subscriber Identity Module) khadi, oyithola ku-opharetha wenethiwekhi yakho, inolwazi lokuthenga kwakho. Njalo ubocisha ifoni yakho futhi ukhiphe ishaja nebhethri ngaphambi kokufaka noma ukukhipha i-SIM khadi.



 *Ungagcina oxhumana nabo kwi-SIM khadi ngaphambi kokuyikhipha efonini. Oxhumana nabo bangagcinwa futhi kwimemori yefoni. Bheka Oxhumana nabo ekhasini 26.*

## I-PIN khodi

Ungahle udinge i-PIN (Personal Identification Number) ukwenza kusebenze amasevisi efonini yakho. I-PIN yakho ihlinzekwa wu-opharetha wenethiwekhi yakho. Idijithi ngayinye yePIN ivela njenge \*, ngaphandle uma iqala ngamadijithi enamba yezimo eziphuthumayo, isibonelo 112 no 911. Ungashayela inamba yezimo eziphuthumayo ngaphandle kokufaka iPIN.

 *Uma ufaka iPIN okungesiyo izikhathi ezintathu zilandelana, **I-PIN ivinjiwe** uyavela. Ukuyivula, kudingeka ufake iPUK (Personal Unblocking Key) yakho.*

## I-Memory Stick Micro™

Ifoni yakho isekela i-Memory Stick Micro™ (M2™) Imemori khadi yengeza indawo yokubeka efonini yakho, isibonelo umculo, amaringithoni, amavidyo kliphu nezithombe. Ungashiyelana nolwazi lwakho olugcinile ngokulugudluzela noma ukulukopishela kwamanye amadivaysi avumelana nememori khadi.

## **Ukufaka i-Memory Stick Micro™ (M2™)**

- Vula ikhava bese ufaka imemori khadi.

## **Ukukhipha i-M2™**

- Vula ikhava bese ucindezela ekugcineni kwememori khadi ukulikhulula bese uyalikhipha.




## **Ukushaja ibhethri**

Ibhethri yefoni ishajeke kancane uma uyithenga. Kuthatha cishe 2.5 amahora ukushaja ibhethri ngokugcwele.


### **Ukushaja ibhethri**



- 1 Xhuma ishaja kwifoni. Cindezela ikhi yokukhanyisa isibuko ubone izinga lokushaja.
- 2 Ukukhipha ishaja, gobisa bese udonsa ipulaki liye phezulu.


 **Ungayisebenzisa ifoni ngesikhathi ishaja. Ungashaja ibhethri isikhathi esingaphezu noma esingaphansi kwamahora awu 2.5. Ukushaja okulokhu kuphazamiseka ngeke kuyilimaze ibhethri.**

## Ukuvula ifoni

- 1 Cindezela bese ubamba .
- 2 Faka iPIN yeSIM khadi yakho, uma iceliwe.
- 3 Khetha **Yebo** ukusebenzisa isethaphu wizadi ukuze uvumelanise amasethingi efoni asemqoka njenge- **Isikhath nosuk**, **Ulimi lwefoni** nokunye.



**!** Ku **Flight mode** ama-transceivers enethiwekhi nawomsakazo ayavalwa ukunqanda ukuphazamiseka empahleni ebucayi.

**💡** Uma wenza iphutha ngenkathi ufaka i-PIN yakho, ungacindezela  ukusula izinamba esibukweni.

## Okubekwe eceleni

Emva kokuvula ifoni nokufaka iPIN yakho, igama lika-opharetha wakho livela esibukweni. Loku kubizwa ngokubekwe eceleni. Manje usungashaya ubuye wemukele izingcingo.

## Ukucisha ifoni

- Cindezela bese ubamba .



Ukusebenza  
kwenethiwekhi

Izinga  
lebhethri

## Ukusebenza kwenethiwekhi

Amabha enethiwekhi akhombisa amandla enethiwekhi ye-GSM ngakini. Yiya kwenye indawo uma unezinkinga zokushaya ucingo futhi ingatholakali kahle inethiwekhi. **Ayikho inethiwek.** kusho ukuthi awukho endaweni enenethiwekhi.



= Ukwamukela okuhle kwenethiwekhi



= Ukwamukela okulingene kwenethiwekhi

## Izinga lebhethri



= Ibhethri igcwele



= Ibhethri yefoni ayinamandla

# Izimpawu zesibuko

Lezi mpawu zingavela esibukweni.

## Uphawu Incazelo



Ucingo olungaphendulwanga

---



Ihendsfri ixhunyiwe

---



Ifoni ithulisiwe

---



Umbiko wombhalo wamukelwe

---



Umbiko wesithombe wamukelwe

---



Umbiko we-imeyli wamukelwe

---



I-Predictive text input icushiwe

---



Umbiko wezwi wamukelwe

---



Ucingo oluqhubekayo

---



Umsakazo we-FM uyadlala

---



I-alamu icushiwe

---



Ukusebenza kwe-Bluetooth kucushiwe



# Uhlolo jikelele lwefoni

- 1 Ikhi yemidlalo
- 2 Amakhi okukhetha
- 3 Ikhi yokushaya ucingo
- 4 Isixhumi seshaja, ihendisfri nekhebula le-USB
- 5 Ikhi yeshothikhathi yemidlalo
- 6 Ikhi lokuhambisa, amakhi akhombayo emidlalo
- 7 Ikhi eliyisiphambano lemidlalo
- 8 Ikhi yokuqeda, Ikhi yokuvula/ukucisha
- 9 Ikhi ye-C (Sula idatha yokusiza)
- 10 Ikhi ephakathi yokukhetha
- 11 Ikhi lokuthulisa
- 12 Ikhamera enkulu
- 13 Imbobo yebhande
- 14 Amakhi evolumu
- 15 Ikhi yekhamera
- 16 Imbotshana yememori khadi
- 17 Izipikha zestiriyo



# Ukuhamba

Amamenyu amakhulu akhonjiswa njengezimpawu. Amanye amamenyu amancane abandakanya amathebhu.

## *Ukuhamba kumamenyu efoni*

- 1 Kokubekwe eceleni khetha **Imenyu**.
- 2 Sebenzisa ikhi yokuhamba ukuhamba kumamenyu.

## *Ukupheqa phakathi kwamathebhu*

- Cindezela ikhi lokuhamba esinxeleni noma kwesokudla.

## *Ukuya emuva isinyathelo esisodwa kwimenyu*

- Khetha **Emuva**.

## *Ukubuyela kokubekwe eceleni*

- Cindezela .

## *Ukusetha ifoni ukuba ithule*

- Cindezela bese ubamba .

## *Ukushayela isevisi yemeyili yezwi yakho*

- Cindezela bese ubamba .

## *Ukuqeda umsebenzi*

- Cindezela .



Ikhi ephakathi yokukhetha

# Uhlojikelele lwemenyu



I-PlayNow™\*

Ikhasi lasekhaya, Faka ikheli, Amabhukumaka, Umlando, Amakhasi agcini., Amasete-Intha.



I-Inthanethi\*

Imidlalo, I-TrackID™, Isidlali sevidyo, Rekhod umsind



Ukuzithokozisa

Ikhamera



Ikhamera

Bhala okusha, Ibhok. lengenay, I-imeyli, Izinhlaka, Ibhokisi lephum, Imibik ethunyel, Fonel. imeyl zwi, Izibonisi, Amasethingi



Ukuthum. imibiko

Isidlali somculo



Isidlali somculo

Umculo, I-al. yekhamera, Izithombe, Amavidiyo, Okunye



Imenenja yefayela\*\*

Oxhumana nabo



Oxhumana nabo

Umsakazo



Umsakazo

Izingcingo\*\*



Izingcingo\*\*



Zonke



Ezidayeliwe



Aziphendulwanga



Ziphenduliwe



Umhleli

I-alamu, Izinhlalo, Ikhalenda, Imisebenzi, Ukuvumelanisa\*, I-timer, Isitophuwashi, Umshin wokbal



## Amaseethingi\*\*



### Okujwayelekile

Amaphrofayli  
Isikhath nosuk  
Ulimi lwefoni  
Amashothikhath  
I-Flight mode  
Ukuphepha  
Izinga lefoni  
Setha busha konk



### Imisind nezxway

Ivolumu yeringith.  
Iringithoni  
Imodi ethule  
Isixwa. sokudlikiza  
Isexwayiso sombik.  
Umsindo wekhi



### Isibuko

Iphepha lodonga  
Izingqikithi  
Isibuko sokuqalisa  
Isisitha sibuko  
Ukugqama



### Izingcingo

Dayel ngokushesh  
Dlulis pham izingc  
Singatha izin.  
Isikhathi nezindlek\*  
Veza/fihla inamba  
Ihendsfri  
Vula ukuphendula  
Vala ukuqed ucing



### Ukuxhumaniseka

I-Bluetooth  
I-USB  
Ukuvumelanisa\*  
Amaneth. eselula  
Amasete-Intha.

\* Amanye amamenyu ancike ku-opharetha, kwineethiwekhi nasekuthengeni.

\*\* Ungasebenzisa ikhi lokuhamba ukupheqa kumathebhu kumamenyu amancane. Ngolunye ulwazi, bheka *Ukuhamba* ekhasini 10.

# Imidlalo

## Amakhi okudlala



Ikhi eyishothikhathi yemidlalo egxilile



Amakhi emidlalo ayindilinga nesiphambano




Amakhi aya phansi, esinxeleni, kwesokudla akhombayo emidlalo nekho yokukhetha ephakathi

### Ukudlala imidlalo

- Kokubekwe eceleni cindezela  bese ukhetha umdlalo.


### Imidlalo enyakazayo

Ngaphezu kwemidlalo evamile ye-Java™, ifoni yakho ibuye ifike nemidlalo eminingana enyakazayo ye-Java. Ungalawula umdlalo ngokujikozisa noma ukuzungezisa ifoni esikhundleni sokucindezela ikhiphedi. Ifoni ibona futhi iphendule iminyakazo yakho ngekhamera, ngakhoke ikhamera akufanele yembozwe ngesikhathi semidlalo yeminyakazo.

 *Qiniseka ukuthi ugqoka ibhane lesihlakala ukugwema ukudedela ifoni ngesikhathi semidlalo enyakazayo. Ingalimaza abantu abaseduze noma ilimaze ezinye izinto.*

### Eminye imidlalo

Ungazama, uthenge futhi ulande eminye imidlalo ngokusebenzisa i-Inthanethi ku **I-Menu > Ukuzithokozisa > Imidlalo > I-Sony Ericsson**.

 *Lo msebenzi uncike ku-opharetha, kwinethiwekhi nasekuthengeni. Udinga amaseethingi afanele e-Inthanethi efonini yakho ukusebenzisa lo msebenzi. Bheka I-Inthanethi ekhasini 30.*

# Amakhava e-Style-up™

Amanye amakhithi abandakanya amakhava e-Style-up™ engeziwe.

## *Ukushintsha ikhava yangaphambili*



- 1 Faka uzipho lwesithupha sakho emseleni bese uphakamisa ikhava isuke efonini.
- 2 Qondanisa ikhava entsha nephezulu lefoni.
- 3 Shutheka ikhava endaweni yayo ngokucindezelela phansi.

## *Ukushintsha ikhava yebhethri*



- 1 Khipha ikhava yebhethri.
- 2 Qondanisa ikhava yebhethri entsha nephezulu lefoni.
- 3 Shelezisa ikhava yebhethri entsha endaweni.

# Isidlali Mculo

Izinhlobo zamafayela asekelwayo yilawa: I-MP3, MP4, 3GP, AAC, AMR, MIDI, IMY, EMY ne WAV (16 kHz izinga lesampula lokugcina).

## *Ukudlala umculo*

- 1 Kokubekwe eceleni khetha **Imenyu > Isidlali somculo > Izinketh > Umculo wami > Amathrekhi.**
- 2 Pheqela kusihloko bese ukhetha **Dlala.**

## *Ukumisa ukudlala umculo*

- Cindezela ikhi yokuhambisa ephakathi.

## **Kudluliswa umculo**

Ungadluliswa umculo usuke kukhompuyutha yakho uye kumemori yefoni yakho noma ku-Memory Stick Micro™ (M2™). Zimbili izindlela zokuxhuma ifoni kukhompuyutha:

- Ukusebenzisa ikhebula le-USB
  - Ngoxhumano lobuchwepheshe obungenawaya be-Bluetooth
- Ungahudula bese uphonsa amafayela phakathi kwefoni yakho noma imemori khadi nekhompuyutha ku Microsoft® Windows Explorer.

## *Ukuxhuma ifoni yakho kwikhompuyutha usebenzise ikhebula le-USB*

- 1 Qiniseka ukuti ifoni yakho ivuliwe.
- 2 Xhuma ikhebula le-USB kwifoni yakho nakwikhompuyutha.
- 3 Ifoni: Khetha **Ukul kwem emi.**
- 4 Ikhompuyutha: Linda izishayeli zifakwe ngeothomahikhi.




Kudingeka eyodwa kula masistimu okusebenzisa:

- Microsoft® Windows® 2000
- I-Microsoft Windows XP (i-Pro noma i-Home)
- Microsoft Windows Vista™ (zonke izihumusho)


## Ukudlulisa amafayela kwimodi yokulondoloza okuningi


- 1 Xhuma ikhebula le-USB kwifoni nakwikhompyutha.
- 2 Ifoni: Kokubekwe eceleni khetha **Imenyu > Amasethingi > eye Ukuxhumaniseka** ithebhu > **I-USB > Ukul kwem emi.**
- 3 Ikhompyutha: Linda ize imemori yefoni nememori khadi kuvele njengamadiski angaphandle kwi-Microsoft Windows Explorer.




- 4 Ikhompyutha: Kudeskithophu yekhompyutha, qhafaza kabili oluthi *Ikhompyutha Yami* uphawu.
- 5 Ikhompyutha: Ewindini elithi *Ikhompyutha Yami*, qhafaza kabili uphawu olumele ifoni yakho ngaphansi kuka *Amadivaysi anesilondolozi esikhiphekayo* ukuhlola imemori yefoni namafolda e-memory stick.
- 6 Kopisha unamathisele ifayela lakho, noma lihudule uliphonse, kwifolda kukhompyutha yakho, kumemori yefoni yakho noma kumemori khadi yakho.



 Ungalikhphi ikhebula le-USB efonini noma kwikhompyutha ngesikhathi sokudlulisa ifayela njengoba lokhu kungonakalisa iMemory Stick nememori yefoni.

 Ngeke ukwazi ukuhlola amafayela adlulisiwe efonini yakho ungakalikhphi ikhebula le-USB efonini. Ukukhipha okuphephile ikhebula le-USB kwimodi yeFayela, qhebeza isidla ophawini lwe-Removable Disk kwi-Windows Explorer bese ukhetha u Khipha.

 Ulwazi oluthe xaxa ngokudlulisela amafayela efonini yakho lutholakala ku [www.sonyericsson.com/support](http://www.sonyericsson.com/support).

## Izinhlalazana zokudlala


Ungakha izinhlalazana zokudlala ukuhlela amafayela emidya agcinwe kwimenenja yamafayela.

### Ukwakha uhla lokudlala

- 1 Kokubekwe eceleni khetha **Imenyu** > **Isidlali somculo** > **Izinketh** > **Umculo wami** > **Izinhlalazana zokudlala** > **Uhlalazana sha** > **Engeza**.
- 2 Faka igama bese ukhetha **OK**.
- 3 Pheqela kwithrekhi bese ukhetha **OK**.


## I-PlayNow™

Nge-PlayNow™ ungahlola ngaphambili, uthenge futhi ulande umculo ngokusebenzisa i-Inthanethi. Ungathola i-PlayNow™ ku-[Imenyu](#) > [I-PlayNow™](#).

 *Udinga amaseethingi afanele e-Inthanethi efonini yakho ukusebenzisa lo msebenzi. Bheka I-Inthanethi ekhasini 30.*

## I-TrackID™

I-TrackID™ iyisevisi ekhumbula umculo. Ungacinga izihloko zamaculo, abaculi namagama ama-albhamu.

 *Udinga amaseethingi afanele e-Inthanethi efonini yakho ukusebenzisa lo msebenzi. Bheka I-Inthanethi ekhasini 30.*

## *Ukucinga ulwazi lweculo*

- Uma uzwa iculo ngelawudispikha, kokubekwe eceleni khetha [Imenyu](#) > [Ukuzithokozisa](#) > [I-TrackID™](#) > [Qala](#).
- Uma umsakazo udlala khetha [Izinketh](#) > [I-TrackID™](#).

# Umsakazo

Ifoni yakho inomsakazo futhi ihendsfri isebenza njengothi.

## *Ukulalela umsakazo*

- 1 Xhuma ihendisfri kwifoni.
- 2 Kokubekwe eceleni khetha **Imenyu** > **Umsakazo**.





- ! Ungasebenzisi ifoni yakho njengomsakazo ezindaweni lapho kungavunyelwe khona.

## *Ukulawula umsakazo*

- Cindezela  noma  ukucinga amashaneli omsakazo we-FM.


## *Ukugcina ishaneli yomsakazo we-FM*

- 1 Khetha **Izinketh** > **Gcina**.
- 2 Cindezela bese ubamba  – . Ishaneli yomsakazo we-FM igcinwa ku **Izinketh** > **Amashaneli**.


## *Ukulalela ishaneli yomsakazo we-FM egciniwe*

- Uma umsakazo we-FM uvuliwe, cindezela  – .

## *Ukuphuma kumsakazo we-FM*

- 1 Khetha **Emuva** noma cindezela .
- 2 **Nciphisa umsakazo** iyavela. Khetha **Cha**.

## *Ukucisha umsakazo we-FM ngesikhathi incishisiwe*

- 1 Khetha **Imenyu** > **Umsakazo**.
- 2 Khetha **Emuva** noma cindezela .
- 3 **Nciphisa umsakazo** iyavela. Khetha **Cha**.

## *Ukuhlola okukhethwa kukho komsakazo we-FM*

- Uma umsakazo we-FM uvuliwe, khetha **Izinketh**.

# Ukufanekisa

## Ikhamera nevidyo rekhoda

Ungathatha izithombe futhi urekhode amavidyo klipu ozowahlola, uwagcine noma uwathumele. Uthola izithombe namavidyo klipu kwakho okugciniwe kwi **Imenyu > Imeninja yefayela > I-al. yekhamera.**

- 1 Thatha izithombe/Rekhoda amavidyo klipu
- 2 Yendlala ucacise








## Ukuthatha isithombe

- 1 Kokubekwe eceleni cindezela ukuqalisa ikhamera.
- 2 Cindezela noma ukupheqela ku .
- 3 Cindezela ukuthatha isithombe.
- 4 Isithombe sigcinwa nge-othomathikhi.




*Ungarekhodi uma kukhona umthombo wokukhanya onamandla ngemuva. Sebenzisa isaphothi enjenge-tripod noma i-self-timer ukugwema isithombe esilufifi.*

### **Ukurekhoda ivideo klipu**

- 1 Kokubekwe eceleni cindezela  ukuqalisa ikhamera.
- 2 Cindezela  noma  ukupheqela ku .
- 3 Cindezela  kuye phansi ngokugcwele ukuqala ukurekhoda.

### **Ukuyeka ukuqopha**

- Cindezela . Ivideo klipu igcinwa nge-othomathikhi.

### **Ukusebenzisa ukwendlala noma ukucacisa**

- Cindezela amakhi evolumu aye phezulu noma ezansi.



*Uma uthatha isithombe, ukendlala ucacise kutholakala kuphela kumodi ye-VGA.*


### **Kudluliswa izithombe**


Ungasebenzisa i-Bluetooth™ wireless technology nekhebula le-USB ukudlulisa izithombe namavideo klipu phakathi kwekhompyutha nefobi yakho. Bheka *I-Bluetooth™ wireless technology* ekhasini 29 ne *Ukudlulisa amafayela kwimodi yokuLondoloza okuningi* ekhasini 16 ngolunye ulwazi.

# Kushaywa ucingo

Kufanele uvule ifoni futhi ube sendaweni enenethiwekhi.

## **Ukushaya ucingo**

- 1 Kokubekwe eceleni faka ikhodi yendawo, uma ikhona, nenamba yefoni.
- 2 Cindezela .

 - *Ungashayela izinamba ezikoxhumene nabo nasohlwini lwezingcingo. Bheka Oxhumana nabo ekhasini 26 ne Uhla lwezingcingo ekhasini 23.*

## **Ukuqeda ucingo**

- Cindezela .

## **Ukuphendula ucingo**

- Cindezela .



## **Ukudikila ucingo**


- Cindezela .

## **Ukushintsha ivolumu yespikha sasendlebeni ngesikhathi socingo**

- Cindezela ikhi yevolumu iye phezulu noma ezansi.

## **Ukuvula ilawudispikha ngesikhathi socingo**



- Khetha **Ispikha**.

 *Ungayibambi ifoni uyibeke endlebeni ngenkathi usebenzisa ilawudispikha. Lokhu kungalimaza izindlebe zakho.*

## **Ukuhlola izingcingo ezingabanjwanga kokubekwe eceleni**

- Uma i **Ngaphendu lwanga**: ikhonjiswa, khetha **Hlola**.



### ***Ukushaya izingcingo zomhlaba jikelele***

- 1 Kokubekwe eceleni cindezela bese ubamba  kuze kuvele uphawu “+”.
- 2 Faka ikhodi lezwe, ikhodi lendawo (ngaphandle kukaziro wokuqala) nenamba yefoni.
- 3 Cindezela .


### **Uhla lwezingcingo**

Ungahlola ulwazi mayelana nezingcingo zakamuva.

### ***Ukushayela inombolo esohlwini lwezingcingo***

- 1 Kokubekwe eceleni cindezela .
- 2 Pheqa egameni noma enambeni bese ucindezela .

### ***Ukususa inombolo ohlwini lwezingcingo***

- 1 Kokubekwe eceleni cindezela .
- 2 Pheqela kwigama noma inamba bese ukhetha **Izinketh** > **Susa**.




*Izingcingo eziya kwinqanaba yezimo eziphuthumayo yomhlaba jikelele u 112 isengashaywa, noma ikhiphedi ikhiyiwe.*

## **Izingcingo eziphuthumayo**

Ifoni yakho isekela izinombolo zamazwe omhlaba jikelele eziphuthumayo, isibonelo u-112 no 911. Lezi zinombolo zingasetshenziswa ngendlela ejwayelekile ukushayela izinombolo eziphuthumayo kunoma yiliphi izwe, usebenzisa noma ungayisebenzisi i-SIM khadi, uma nje inethiwekhi ye-GSM itolakala.


### ***Ukushaya ucingo oluphuthumayo***

- Kokubekwe eceleni faka 112 (inamba ephuthumayo yamazwe ngamazwe) bese ucindezela .

# Ukuthumela imibiko

## Imibiko yombhalo (SMS)

Kufanele ube nenamba yesikhungo sesevisi, ehlinzekwa wumnikezeli wesevisi yakho bese igcinwa kwi-SIM khadi. Kungadingeka uyifake wena inamba.

 *Bheka Ukufaka umbhalo ekhasini 32.*

### *Ukubhala nokuthumela umbiko wombhalo*

- 1 Kokubekwe eceleni khetha **Imenyu** > **Ukuthum. imibiko** > **Bhala okusha** > **Umbiko womb.**
- 2 Bhala umbiko bese ukhetha **Qhubek.**
- 3 Khetha ongakhetha kukho.
- 4 Khetha **OK** > **Thumel.**

### *Ukuhlola umbiko wombhalo owamukeliwe*

- 1 Uma lokhu **Umbiko omusha ovela:** kuvela, khetha **Hlola.**
- 2 Khetha umbiko ongafundiwe.

### *Ukuhlola umbiko ogcinwe ebhokisini lengenayo*

- Khetha **Imenyu** > **Ukuthum. imibiko** > **Ibhok. lengenay.**

### *Ukuthola izinga lokudilivwa lombiko othunyelwe*

- 1 Kokubekwe eceleni khetha **Imenyu** > **Ukuthum. imibiko** > **Amasethingi** > **Umbiko womb.** > **Umbiko olethiwe.**
- 2 Khetha **Vuliwe.** Uyokwaziswa uma umbiko udilivwe ngempumelelo.





# Imibiko yezithombe (MMS)

Imibiko yesithombe ingaqukatha umbhalo, izithombe, umsindo orekhodiwe, amavidyo kliphu, nezinamathiselo.

- ! Kufanele usethe iphrofayili ye-MMS kanye nekheli leseva yemibiko yakho. Uma lingekho iphrofayili le-MMS noma iseva yombiko ekhona, ungamukela wonke amasethingi nge-othomathikhi avela ku-opharetha wakho wenethiwekhi ku [www.sonyericsson.com/support](http://www.sonyericsson.com/support).

## Ukwakha nokuthumela umbiko wesithombe

- 1 Kokubekwe eceleni khetha **Imenyu** > **Ukuthum. imibiko** > **Bhala okusha** > **Umbiko wesith.**
- 2 Faka umbhalo. Ukwengeza izinto kumbiko, cindezela , pheqa  bese ukhetha into.
- 3 Khetha **Qhubek.**
- 4 Khetha ongakhetha kukho.
- 5 Khetha **OK** > **Thumel.**

- ! Ukuthumela nokwamukela amafoni kufanele kube nokuthenga okusekela ukuthunyelwa kwemibiko yezithombe.

# Oxhumana nabo

Ungagcina oxhumana nabo kwimemori yefoni noma ku-SIM khadi. Ungakopisha oxhumana nabo ubasuse kwimemori yefoni baye kwi-SIM khadi noma basuke kwi-SIM khadi baye kwimemori yefoni.

## Oxhumene nabo bedifolthi

Ungakhetha ukuthi yiluphi ulwazi loxhumene nabo olukhonjiswa njengedifolthi. Uma **Oxhumen. nabo** ekhethwe njengedifolthi, oxhumana nabo bakhombisa lonke ulwazi olugcinwe kufoni. Uma ukhetha **Oxh nab beSIM** njengedifolthi, oxhumana nabo bakhombisa amagama nezinamba okugcinwe kwi-SIM khadi.

### *Ukukhetha oxhumana nabo bedifolthi*

- 1 Kokubekwe eceleni khetha **Imenyu** > **Oxhumana nabo** > **Izinketh** > **Okuthuthukile** > **Oxhu nab bedif**.
- 2 Khetha ongakhetha kukho.



Uma ukhetha **Ifoni neSIM** njenge **Oxhu nab bedif**, ucelwa ukuba ukhetha phakathi kwe **Ifoni** noma **I-SIM khadi** uma wengeza uxhumana naye omusha.




*Bheka Ukufaka umbhalo ekhasini 32.*


# Oxhumana nabo efonini

## *Ukwengeza oxhumana naye efonini*

- 1 Kokubekwe eceleni khetha **Imenyu** > **Oxhumana nabo** > **Oxh. naye omusha** > **Engeza**.
- 2 Pheqela ku **Isibongo**: bese ukhetha **Engeza**.
- 3 Faka igama bese ukhetha **OK**.
- 4 Pheqela ku **Igama lokuqala**: bese ukhetha **Engeza**.
- 5 Faka igama bese ukhetha **OK**.
- 6 Pheqela ku **Inombolo entsha**: bese ukhetha **Engeza**.
- 7 Faka inamba bese ukhetha **OK**.
- 8 Khetha okukhethwa kukho inamba.
- 9 Pheqa phakathi kwamathebhu bese ukhetha izindima ukwengeza ulwazi.
- 10 Khetha **Gcina**.

 *Faka uphawu + nekhodi lezwe nazo zonke izinamba zefonibhuku. Sezingasetshenziswa phesheya noma ekhaya. Bheka Ukushaya izingcingo zomhlaba jikelele ekhasini 23.*

## *Ukushayela ucingo oxhumana naye*

- 1 Kokubekwe eceleni khetha **Imenyu** > **Oxhumana nabo**.
- 2 Pheqela koxhumana naye, noma faka izinhlamvu zokuqala ezimbalwa zakhe.
- 3 Cindezela .

## *Ukulela oxhumana naye*

- 1 Kokubekwe eceleni khetha **Imenyu** > **Oxhumana nabo**.
- 2 Khetha oxhumana naye.
- 3 Khetha **Izinketh** > **Hlela oxhum nay**.
- 4 Hlela ulwazi bese ukhetha **Gcina**.

### *Ukususa oxhumana naye*

- 1 Kokubekwe eceleni khetha **Imenyu** > **Oxhumana nabo**.
- 2 Pheqela koxhumana naye.
- 3 Khetha **Izinketh** > **Susa**.

### *Ukukopisha oxhumana naye kwi-SIM khadi*

- 1 Kokubekwe eceleni khetha **Imenyu** > **Oxhumana nabo**.
- 2 Pheqela koxhumana naye.
- 3 Khetha **Izinketh** > **Okunye** > **Kopishel. kwiSIM**.

## **Imemori yoxhumana nabo**

Inani lwezinhla ongazigcina kwi **Oxhumana nabo** lincike emthamweni weSIM khadi yakho.

### *Ukuhlola izinga lememori yoxhumana nabo*

- Kokubekwe eceleni khetha **Imenyu** > **Oxhumana nabo** > **Izinketh** > **Izinga lememori**.

# Eminyane imisebenzi

## I-Bluetooth™ wireless technology

I-Bluetooth™ wireless technology ivumela ukuxhumana okungenawaya namanye amadivaysi e-Bluetooth. Isibonelo unga:

- xhuma kumadivaysi ehendisfiri.
- xhuma kumadivaysi amaningana ngesikhathi esisodwa.
- shintshanisa izinto.

! *Sincoma ubue bookugcina obungamamitha ayi-10 (33 amafidi), kungabi nezinto eziqinile phakathi kwalo, ngokuxhumana kwe-Bluetooth.*

### Ukuvula uhlelo lwe-Bluetooth

- Kokubekwe eceleni khetha **Imenyu** > **Amaseethingi** > eye **Ukuxhumaniseka** ithebhu > **I-Bluetooth** > **Vula**.

! *Qinisekisa ukuthi idivaysi ofuna ukuyibhangqa nefoni yakho inomsebenzi we-Bluetooth ocushiwe futhi ne-Bluetooth **Kuyabonakala** isethwe ku **Bonisa ifoni**.*

### Ukubhangqa idivaysi nefoni yakho

- 1 Ukucinga amadivaysi atholakalayo, kokubekwe eceleni khetha **Imenyu** > **Amaseethingi** > eye **Ukuxhumaniseka** ithebhu > **I-Bluetooth** > **Imishini yami** > **Umshini omusha**.
- 2 Khetha idivaysi ohlwini. Faka iphasikhodi, uma kudingeka.

### Ukubhangqa ifoni yakho nehendsfiri ye-Bluetooth

- 1 Ukucinga amadivaysi atholakalayo, kokubekwe eceleni khetha **Imenyu** > **Amaseethingi** > eye **Ukuxhumaniseka** ithebhu > **I-Bluetooth** > **Imishini yami** > **Umshini omusha**.
- 2 Khetha idivaysi yehendsfiri. Faka iphasikhodi, uma kudingeka.

### *Ukwamukela into*

- 1 Kokubekwe eceleni khetha **Imenyu** > **Amasethingi** > eye **Ukuxhumaniseka** ithebhu > **I-Bluetooth** > **Vula**.
- 2 Uma wamukela into ethile, landela imiyalelo evelayo.

### *Ukuthumela into ngokusebenzisa i-Bluetooth*

- 1 Kokubekwe eceleni khetha, isibonelo, **Imenyu** > **Imenenja yefayela** > **I-al. yekhamera**.
- 2 Pheqela esithombeni bese ukhetha **Izinketh** > **Thumela** > **I-Bluetooth**.

## **I-Inthanethi**

Udinga amasethingi afanele e-Inthanethi efonini yakho. Uma amasethingi engekho efonini yakho, unga:

- Wathole kumbiko wombhalo ovela ku-opharetha wenethiwekhi.
- Kwikhomyutha, yiya ku [www.sonyericsson.com/support](http://www.sonyericsson.com/support) bese ucela umbiko wombhalo onamasethingi.

### *Ukukhetha Iphrofayli le-Inthanethi*

- 1 Kokubekwe eceleni khetha **Imenyu** > **I-Inthanethi** > **Amasete-Intha**. > **Ama-akhawunti**.
- 2 Khetha i-akhawunti.

### *Ukuqala ukupheqa*

- 1 Kokubekwe eceleni khetha **Imenyu** > **I-Inthanethi**.
- 2 Khetha ongakhetha kukho.

### *Ukuyeka ukupheqa*

- Uma upheqa, cindezela bese ubamba .

## Izingqikithi namaringithoni

Ungashintsha ukubonakala kwesibuko sakho ngokukhetha izingqikithi. Ungakhetha futhi amaringithoni.

### *Ukukhetha ingqikithi*

- Kokubekwe eceleni khetha **Imenyu** > **Amaseethingi** > eye **Isibuko** ithebhu > **Izingqikithi** bese ukhetha ingqikithi.

### *Ukukhetha iringithoni*

- Kokubekwe eceleni khetha **Imenyu** > **Amaseethingi** > eye **Imisind nezxway** ithebhu > **Iringithoni** bese ukhetha iringithoni.

## Isikhathi nosuku

### *Ukusetha isikhathi nosuku*

- 1 Kokubekwe eceleni khetha **Imenyu** > **Amaseethingi** > eye **Okujwayelekile** ithebhu > **Isikhath nosuk** > **Isikhathi**.
- 2 Faka usuku bese ukhetha **OK**.
- 3 Faka isikhathi bese ukhetha **OK**.

## Ulwimi

### *Ukushintsha ulwimi lwefoni*

- Kokubekwe eceleni khetha **Imenyu** > **Amaseethingi** > eye **Okujwayelekile** ithebhu > **Ulimi lwefoni** bese ukhetha ulimi.

# Imenenja yefayela

Ungasingatha amafayela agcinwe kumemori yefoni noma kumemori khadi. Ungakha amafolda amancane ukuhambisa kuwo amafayela.

## Ukugudlula ifayela kwimenenja yamafayela

- 1 Kokubekwe eceleni khetha **Imenyu** > **Imenenja yefayela**.
- 2 Pheqela kwifayela bese ukhetha **Izinketh** > **Gudlulela kufold**.
- 3 Vula ifolda bese ukhetha **Namath**.

# Ukufaka umbhalo

Zimbili izindlela ongazisebenzisa ukufaka umbhalo: i-multitap noma i-predictive text input.



*Ngokusebenzisa i-predictive text input udinga nje kuphela ukucindezela kanye ikhi ngayinye. Qhubeka nokubhala igama ngisho noma libonakala ukuthi alilungile. Ifoni isebenzisa isichazamazwi ukubona igama uma kufakwa zonke izinhlamvu.*

## Ukufaka umbhalo ngokusebenzisa i-predictive text input

- 1 Isibonelo, ukubhala igama elithi “Jane”, cindezela (5), (2), (6), (3).
- 2 Manje ungakhetha kokuningana:
  - Uma igama elikhonjisiwe kuyileli olifunayo, cindezela (# → ?) ukwamukela bese wengeza isikhala. Ukwamukela igama ngaphandle kokwengeza isikhala, cindezela (▶).
  - Uma igama elikhonjisiwe kungesilo olifunayo, cindezela (⊕) noma (⊖) ngokuphindelela ukuhlola amanye amagama.
  - Ukufaka ongqi nokhefana, cindezela (1 → 2) bese (⊕) noma (⊖) kaningi.



### **Ukufaka umbhalo ngokusebenzisa i-multitap**

- Cindezela (2) – (9) kuze kuvele uhlamvu olufunayo.
- Cindezela (# → \*) ukwengeza isikhala.
- Cindezela (1 → 0) ukufaka amafulstopphu namakhoma
- Cindezela (\* → #) ukushintsha phakathi kwezinhlamvu ezinkulu nezincane.
- Cindezela bese ubamba (0 +) – (9) ukufaka izinamba.

### **Ukushintsha indlela yokufaka umbhalo**

- Uma ubhala umbiko, cindezela bese ubamba (\* → #).

### **Ukusula izinhlamvu**

- Cindezela (C).

### **Ukushintsha ulimi lokubhala**

- Uma ubhala umbiko, cindezela bese ubamba (# → \*).

## **Imeyili yezwi**

Abakushayelayo bangashiya umbiko wemeyili yezwi uma ungeke ukwazi ukuphendula. Ungathola inamba yemeyili yezwi yakho ku-opharetha wenethiwekhi wakho.

### **Ukufaka inamba yemeyili yezwi yakho**

- 1 Kokubekwe eceleni khetha **Imenyu** > **Ukuthum. imibiko** > **Amasethingi** > **Inomb yemey zwi.**
- 2 Pheqa enambeni yemeyili yezwe bese ukhetha **OK.**
- 3 Faka inamba yemeyili yezwi bese ukhetha **OK.**

### **Ukushayela isevisi yemeyili yezwi yakho**

- Kokubekwe eceleni cindezela bese ubamba (1 → 0).

# Amalokhi

## Ilokhi yeSIM khadi

I-PIN ne-PUK yakho kuhlinzekwa ngu-opharetha wenethiwekhi yakho.

- ! Uma umbiko **I-PIN eyiphutha Imizamo esele**: uvela khathi uhlela i-PIN yakho, ufake i-PIN noma i-PIN2 ngokungeyikho.

### Ukuvula iSIM khadi yakho

- 1 Uma i **I-PIN ivinjiwe** ikhonjiswa, khetha **Vul lokh**.
- 2 Faka i-PUK yakho bese ukhetha **OK**.
- 3 Faka i-PIN entsha bese ukhetha **OK**.
- 4 Phinda ufake i-PIN entsha bese ukhetha **OK**.

### Ukuvula ilokhi ye-SIM khadi

- 1 Kokubekwe eceleni khetha **Imenyu > Amaseethingi > eye Okujwayelekile** ithebhu > **Ukuphepha > Amalokhi > Ukuvikel. kweSIM > Ukuvikelwa**.
- 2 Faka i-PIN yakho bese ukhetha **OK**.
- 3 Khetha **Vuliwe**.

### Ukulela i-PIN yakho

- 1 Kokubekwe eceleni khetha **Imenyu > Amaseethingi > eye Okujwayelekile** ithebhu > **Ukuphepha > Amalokhi > Ukuvikel. kweSIM > Shintsha i-PIN**.
- 2 Faka i-PIN yakho bese ukhetha **OK**.
- 3 Faka i-PIN entsha bese ukhetha **OK**.
- 4 Phinda ufake i-PIN entsha bese ukhetha **OK**.

# Ilokhi yefoni

Ungaqeda ukusetshenziswa okungagunyaziwe kwefoni yakho. Shintsha ikhodi yokukhiya ifoni (0000 idifolthi) ngokufaka noma yimaphi amadijithi amane.

## Ukukhiya ilokhi yefoni

- 1 Kokubekwe eceleni khetha **Imenyu** > **Amasethingi** > eye **Okujwayelekile** ithebhu > **Ukuphepha** > **Amalokhi** > **Ukuvike. kwefoni** > **Hlola ikhodi**.
- 2 Faka ikhodi yokukhiya ifoni bese ukhetha **OK**.
- 3 Khetha **Vuliwe**.

## Ukulela ikhodi yelokhi yefoni yakho

- 1 Kokubekwe eceleni khetha **Imenyu** > **Amasethingi** > eye **Okujwayelekile** ithebhu > **Ukuphepha** > **Amalokhi** > **Ukuvike. kwefoni** > **Shintsha ikhodi**.
- 2 Faka ikhodi ekhona bese ukhetha **OK**.
- 3 Faka ikhodi entsha bese ukhetha **OK**.
- 4 Faka kabusha i-PIN entsha bese ukhetha **OK**.



*Uma ukhohlwa ikhodi entsha, kufanele uhambise ifoni kumthengisi wakwa-Sony Ericsson oseduze nawe.*

## Ukuvula ilokhi yefoni

- 1 Kokubekwe eceleni khetha **Imenyu** > **Amasethingi** > eye **Okujwayelekile** ithebhu > **Ukuphepha** > **Amalokhi** > **Ukuvike. kwefoni** > **Hlola ikhodi**.
- 2 Faka ikhodi yakho yokukhiya ifoni bese ukhetha **OK**.
- 3 Khetha **Valiwe**.

# Imibuzo nezixazululo

Ezinye izinkinga zidinga ukuba ufonele u-opharetha wenethiwekhi yakho. Ngasaphothi ethe xaxa yiya ku [www.sonyericsson.com/support](http://www.sonyericsson.com/support).

## I-master reset

Uma uthola izinkinga ngefoni yakho, njengokucwayiza noma ukufriza kwesibuko noma izinkinga zokuhambisa, kumele uyisethe kabusha ifoni. Uma ukhetha **Setha busha konk**, yonke idatha yabasebenzisi njengoxhumana nabo, imibiko, izithombe nemisindo kuyasuswa.

## Ukusetha kabusha wonke amaseethingi

- Kokubekwe eceleni khetha **Imenyu** > **Amaseethingi** > eye **Okujwayelekile** ithebhu > **Setha busha konk** > **Qhubek** > **Qhubek**.

## Imibiko yamaphutha

### I-PIN ivinjiwe

Ufake iPIN yakho ngokungesikho izikhathi ezintathu zilandelana. I-SIM yakho manje ikhiyiwe. Vula i-SIM yakho ngekhodi yakho ye-PUK, ehlinzekwe kanye ne-PIN khodi yakho wu-opharetha wenethiwekhi yakho.

### Ukuvula ukujinjwa kwe-SIM khadi

- 1 Faka ikhodi yakho ye-PUK bese ukhetha **OK**.
- 2 Faka iPIN entsha bese ukhetha **OK**.
- 3 Phinda ufake i-PIN entsha bese ukhetha **OK**.

### Faka ikhadi

Akukho SIM khadi efonini yakho noma kungenzeka ukuba uyifake ngendlela engalungile. Zama okukodwa noma ngaphezulu kokulandelayo:

- Khipha i-SIM khadi bese uyifaka ngendlela efanele.
- Hlanza izixhumi kwi-SIM khadi nakwifoni ngebhulashi elithambile, indwangu noma i-cotton bud.

- Hlola ukuthi i-SIM khadi yonakele yini.
- Xhumana no-opharetha wenethiwekhi yakho ukuthola i SIM khadi entsha.

### ***Angikwazi ukuvula ifoni***

Zama ukushaja ifoni ize iqede ukushaja. Xhuma ishaja (qiniseka ukuthi uphawu lwamandla kwishaja lubheke phezulu) bese ushaja ifoni amahora awu 2.5. Uphawu lwebhethri esibukweni kungenzeka lungaveli ifoni ize ishajwe imizuzu engama 30.

### ***Angikwazi ukusebenzisa i-Inthanethi noma i-MMS***

Qiniseka ukuthi unokuthenga kwefoni okusaphotha ukuhanjisa kwedatha, kanye futhi namasethingi afanele efonini yakho.

### ***Angikwazi ukuthumela imibiko yombhalo (SMS)***

Qiniseka ukuthi unenamba yesikhungo sesevisi efanele efonii yakho.

### ***Ifoni ayikwazi ukutholwa ngamanye amadivaysi ngobuchwepheshe obungenawaya be-Bluetooth***

Awukaluvuli uhlelo lwe-Bluetooth. Qinisekisa ukuthi ukubonakala ku-**Bonisa ifoni**. Bheka *Ukuvula uhlelo lwe-Bluetooth* ekhasini 29.

### ***Ifoni iyazivala***

Uma ifoni yakho izivala uma ihanjiswa, into ethile ephaketheni lakho noma esikhwameni ithinte ikhi likavaliwe/vuliwe. Kufanele uvule ikhilokhi ye-othomathikhi.

# Declaration of conformity for F305

We, **Sony Ericsson Mobile Communications AB** of  
Nya Vattentornet  
SE-221 88 Lund, Sweden

declare under our sole responsibility that our product

**Sony Ericsson type AAC-1052161-BV**

and in combination with our accessories, to which this declaration relates  
is in conformity with the appropriate standards

EN 301 511:V9.0.2, EN 300 328:V1.7.1, EN 301 489-7:V1.3.1,

EN 301 489-17:V1.2.1 and EN 60 950-1:2006, following the provisions of,  
Radio Equipment and Telecommunication Terminal Equipment Directive  
1999/5/EC.

Lund, May 2008

CE 0682



Shoji Nemoto, Head of Product Business Unit GSM/UMTS  
Siyazifeza izidingo zeMiyalelo yeSiqondiso R&TTE (1999/5/EC).

## FCC Statement

This device complies with Part 15 of the FCC rules.

Operation is subject to the following conditions: (1) This

device may not cause harmful interference, and (2) This

device must accept any interference received, including interference that  
may cause undesired operation.

Any change or modification not expressly approved by Sony Ericsson  
may void the user's authority to operate the equipment.

This equipment has been tested and found to comply with the limits for  
a Class B digital device, pursuant to Part 15 of the FCC Rules. These limits  
are designed to provide reasonable protection against harmful interference  
in a residential installation.



This equipment generates, uses and can radiate radio frequency energy and, if not installed and used in accordance with the instructions, may cause harmful interference to radio communications. However, there is no guarantee that interference will not occur in a particular installation.

If this equipment does cause harmful interference to radio or television reception, which can be determined by turning the equipment off and on, the user is encouraged to try to correct the interference by one or more of the following measures:

- Reorient or relocate the receiving antenna.
- Increase the separation between the equipment and receiver.
- Connect the equipment into an outlet on a circuit different from that to which the receiver is connected.
- Consult the dealer or an experienced radio/TV technician for help.

## Industry Canada Statement

This device complies with RSS-210 of Industry Canada. Operation is subject to the following two conditions: (1) this device may not cause interference, and (2) this device must accept any interference, including interference that may cause undesired operation of the device.

This Class B digital apparatus complies with Canadian ICES-003.

Cet appareil numérique de la classe B est conforme à la norme NMB-003 du Canada.

### Sony Ericsson F305

GSM 850/900/1800/1900

Le gaydiYokusebenzisa ifoni ishicilelwe ngabakwa-Sony Ericsson Mobile Communications AB, noma inkampani esebenzisana nabo endaweni, ngaphandle kwewaranti ethile. Ubungcono nezinguquko kule ncwadi yokusebenzisa ucingo okwenziwe amaphutha okuthaypha, ukungalungi kolwazi lwamanje, noma ubungcono ezinhlalweni kanye/noma amathuluzi, kungenziwa ngu-Sony Ericsson Mobile Communications AB noma ingasiphi isikhathi ngaphandle kwesaziso. Izinguquko ezinjalo, ngakho, ziyongeniswa kwizihumusho ezintsha zale Gaydi yokusebenzisa ifoni.

Wonke amalungelo agodliwe.

### © Sony Ericsson Mobile Communications AB, 2008

Sicela wazi: Amanye amasevisi akule Gaydi yokusebenzisa ifoni awasekelwe yiwo wonke amanethiwethi. Lokhu kusebenza futhi kwiNamba Yezimo Eziphuthumayo ye-GSM Yomhlaba ethi 112. Sicela uxhumane no-opharetha wenethiwekhi yakho noma umnikezeli wakho wesevisi uma ungabaza noma ungasebenzisa isevisi ethile noma qha.

Sicela ufunde *Ulwazi olusemqoka* ngaphambi kokusebenzisa iselula yakho. Yonke imiboniso ingeyekubonisa kuphela futhi kungenzeka ingakhombisi ngokungenaphutha ifoni uqobo lwayo. Ifoni yakho inamandla okulanda, ukulonda nokudlulisa okuqukethwe okwengeziwe, isb. amaringithoni. Ukusetshenziswa kokuqukethwe okufana nalokho kungaba nomkhawulo noma kunqatshelwe ngamalungelo abantu besithathu, okubandakanya kodwa kungakalelwe kumikhawulo engaphansi kwemithetho yamalungelo okushicilela efanele. Wena, hhayi u-Sony Ericsson, unamandla aphelele kokuqukethwe okwengeziwe okulanda noma okudlulisa kuvela efonini yakho. Ngaphambi kokusebenzisa okuqukethwe okwengeziwe, sicela uqinisekise ukuthi ukusebenzisa okuhlosile kulayisensiwe noma kugunyaziwe. U-Sony Ericsson akaqinisekisi ngokungabi naphutha, ubuqotho noma ikhwalithi yokuqukethwe okwengeziwe noma okunye okuqukethwe kwabantu besithathu. U-Sony Ericsson ngeke abekwe icala ngisho ngaphansi kwaziphi izimo ngokusebenzisa kwakho okungalungile kokuqukethwe okwengeziwe noma okunye okuqukethwe kwabantu besithathu. I-Sony, Memory Stick Micro ne-M2 yizimpawu zokuhweba noma yizimpawu zokuhweba ezibhalisiwe zakwa-Sony Corporation. I-Ericsson wuphawu lokuhweba noma wuphawu lokuhweba olubhalisiwe lwakwa-Telefonaktiebolaget LM Ericsson. I-Predictive Text Technology isetshenziswa ngaphansi lwemvume yakwa-Zi Corporation. I-Bluetooth wuphawu lokuhweba noma wuphawu lokuhweba olubhalisiwe lwe-Bluetooth SIG Inc. kanti ukusetshenziswa kwalolu phawu ngu-Sony Ericsson kungaphansi kwelayisensi. Ilogo ye-Liquid Identity, i-Style-Up, i-PlayNow ne-TrackID yizimpawu zokuhweba noma yizimpawu zokuhweba ezibhalisiwe zakwa-Sony Ericsson Mobile Communications AB. Umculo we-TrackID™ inikwa amandla yi-Gracenote Mobile. I-Microsoft, i-Windows ne-Vista yizimpawu zokuthengisa ezibhalisiwe noma izimpawu zokuthengisa ze-Microsoft Corporation e-U.S. nakwamanye amazwe. Lo mkhiqizo uvikelwe ngamalungelo athile olwazi akwa-Microsoft. Ukusebenzisa nokusabalalisa kwalo buchwepheshe ngaphandle kwalo mkhiqizo akuvunyelwe ngaphandle kwelayisensi yakwa-Microsoft. I-Java™ kanye nazo zonke izimpawu zokuthengisa namalogo okugxile kwi-Java kuyizimpawu zokuthengisa noma izimpawu zokuthengisa ezibhalisiwe ze-Sun Microsystems, Inc. e-United States nakwamanye amazwe. Isivumelwano selayisense yomsebenzisi wokugcina we-Sun™ Java™ J2ME™.

Imithetho Yokuthekelisa: Lo mkhiqizo, kubandakanya noma iyiphi isofthiwe noma idatha yezobuchwepheshe ehambisana nomkhiqizo, ungahle ube ngaphansi kwemithetho yokulawula ukuthekelisa yase-U.S., kubandakanya i-U.S. Export Administration Act nemithetho ehambisana nawo kanye



nezinhlelo zonswinyo zase-U.S. eziphethwe yi-U.S. Treasury Department's Office of Foreign Assets Control, futhi ngaphezu kwalokho ungaba ngaphansi kwemithetho yokuthekelisa nokungenisa kwamanye amazwe. Umsebenzisi kanye nanoma yimuphi umnikazi womkhiqizo uyavuma ukulandela ngokucophelela yonke le mithetho nokuthi kuyisibopho sakhe ukuthola amalayisensi adingekayo okuthekelisa, okuthekelisa kabusha, noma okungenisa lo mkhiqizo. Ngaphandle komkhawulo lo mkhiqizo, kubandakanya noma iyiphi isofthiwe ekuwo, akuvunyelwe ukulandwa, noma kuthekeliswe noma kuthekeliswe kabusha (i) ezweni noma kubadlali noma ezinkampanini okuse Cuba, Iraq, Iran, Nyakatho Korea, Sudan, Syria (njengokubuyekezwa kwalo luhlu ngezikhathi ezithile) noma kuliphi elinye izwe i-U.S. enqabele izimpahla kulo; noma (ii) kunoma wubani noma yikuphi okuku-U.S. Treasury Department's list of Specially Designated Nationals noma (iii) kumuphi umuntu noma inkampani okukunoma yiluphi olunye uhlu lokunqabela okuthekelisa olungakhishwa ngezikhathi ezithile wuHulumeni wase-United States, kubandakanya kodwa kungagcini nge-U.S. Commerce Department's Denied Persons List noma i-Entity List, noma i-U.S. State Department's Nonproliferation Sanctions List.

**Amalungelo Anomkhawuko:** Ukuseshenziswa, ukuphindwa noma ukuvezwa nguhulumeni wase-United States kungaphansi kwezivimbelo njengoba zibekiwe ngaphambili kwi-Rights in Technical Data and Computer Software Clauses kwi-DFARS 252.227-7013(c) (1) (ii) ne FAR 52.227-19(c) (2) njengoba kufanele.

Lo mkhiqizo unelayisensi ngaphansi kwelayisensi ye-MPEG-4 okubonwayo ne-AVC iphothfoliyo yephathenti yokusebenzisa komuntu siqu nokungekona kokuhweba koku (i) faka amakhodi kuvidyo ngokuhambisana ne-MPEG-4 visual standard ("MPEG-4 video") noma i-AVC standard ("AVC video") kanye/noma (ii) ukukhipha amakhodi ku-MPEG-4 video noma AVC video ebifakwe amakhodi wumthengi owenza izinto zakhe siqu okungezona zokuhweba kanye/noma etholwe kumhlinzeki wamavidyo onelayisensi ye-MPEG LA yokuhlinzeka i-MPEG-4 kanye/noma AVC video. Ayikho ilayisensi enikwayo noma ezothathwa njengekhona yanoma yikuphi okunye ukusebenzisa. Ulwazi olwengeziwe kubandakanya lolo oluhlobene nokusebenzisa kokuqhubekisa, kwangaphakathi nokohwebo namalayisensi lungatholakala kwa-MPEG LA, L.L.C. Bheka ku <http://www.mpegla.com>. Ubuchwepheshe bokukhipha amakhodi okulalelwayo be-MPEG Layer-3 bunelayisensi yakwa-Fraunhofer IIS and Thomson. Zonke ezinye izimpawu zokuhweba namalungelo okushicilela kuyimpahla yabanikazi bako abafanele.

[www.sonyericsson.com](http://www.sonyericsson.com)

# Sony Ericsson

Sony Ericsson Mobile Communications AB  
SE-221 88 Lund, Sweden

1213-4817.3

Printed in XXX

This is the Internet version of the User guide. © Print only for private use.